# Bakhalima omasipala ngokubanga 'imikipito' yamaqembu

**KHETHUKUTHULA SANGWENI**

UMENGAMELI weSalga uMnuz Bheke Stofile, ubadonse ngendlebe omasipala. Unxuse ukuthi bame kancane ngokuklwebhana bebanga "imikipito yamaqembu" bese bephuthumisa izidingo kubantu.

UStofile ubekhuluma nezimeya nezikhulu zomasipala izolo esithangamini seSalga eThekwini.

ISalga iwuhlaka olweseka omasipala ezweni ukuze basebenze kangcono kanti KwaZulu-Natal, bangu-54 omasipala abeluswe yinhlangano.

Isigungu esiphezulu seSalga kuzwelonke besihleli nezikhulu zomasipala izinsuku ezintathu kusukela ngoLwesithathu kuze kube yinamuhla. Bekwendlalwa izinkinga eziphazamisa ukusebenza komasipala ngenhloso yokuthola ikhambi ukuze kuhlinzekelwe imiphakathi ngezidingo.

UStofile uthe zikhona izinselelo kodwa nemibango yezepolitiki ikhona futhi iyaphazamisa komasipala. Uthe akufanele kudlalwe ngesikhathi sabavoti kubangwa izinto ezingathi shu.

"Akufanele sidlale ngemibono yabavoti okuyibona abasivotele ngokusethemba. Ayiyekwe indaba yokubanga lapho omasipala abaphethe khona ngokubambisana ngoba abantu balinde intuthuko nezidingo. Omasipala behlelwa wukwethenjwa ngenxa yezinto ezimbi ezibikwa ngabezindaba ezenzeka kubona,'' kuchaza uStofile.

Uqhube wathi okugqiba okuhle okwenziwa omasipala wukuthi kugqama okubi okuthunaza isithunzi sabo. Wathi imibango idala ukuthi kubulawe amakhansela nokuyinto okungafanele ngabe iyenzeka ngoba iphazamisa ukusebenza nokuhanjiswa kwezidingo.

UStofile ukhale nangenkiyankiya yomasipala abakweleta i-Eskom.

"Kunenkinga yezikweletu ze-Eskom kanti kade sisanda kuzwa nje izinhlangano zabantu abakhele omasipala, zikhala ngokuthi azikwazi ukukhokha ngoba zithwele kanzima. Kukhona nenkinga yezikweletu lapho omasipala bengakwazi ukukhokhela izinkampani eziphakela amanzi. Konke lokho kufanele kulungiswe,'' kweluleka uStofile.

USomlomo kuMasipala weTheku, uMnuz Thabani Nyawose, unikwe ithuba lokwemukela izithunywa ngaphansi kukamasipala wakhe wanxusa ukuthi kube nobumbano. UNyawose uthe kufanele kuthunyelwe izidingo ebantwini ngokubambisana ngaphandle kokubeka phambili amaqembu.

"Omasipala yibona abasekhaleni lomshikashika wentuthuko futhi baneqhaza ekulweni nobuphofu nokungasebenzi kwabantu. Kufanele sisebenze singabheki indaba yamaqembu, sibeke phambili imigomo yeBatho Pele, okusho ukubeka abantu phambili,'' kusho uNyawose.



**IZIMEYA nezikhulu zomasipala ngesikhathi zithamele isithangami seSalga eThekwini izolo**

Isithombe : NQOBILE MBONAMBI/ AFRICAN NEWS AGENCY (ANA)

# Kuzokwandiswa isabelomali sohlelo lwamabhasi olungakaze lusebenze

**SIMPHIWE NGUBANE**

UMASIPALA waseThekwini uhlongoza ukwandisa isabelomali senkontileka yokwakhiwa kwemigwaqo ezohamba amabhasi awo olungakaze lusebenze, iGo! Durban.

Ibhajethi ehlelelwe lo msebenzi izokhushulwa isuka kuR20.3 million ize iyofika kuR49.8 million.

Inkontileka izokwelulwa isikhathi esiyiminyaka emibili kusukela ngo-Ephreli 1, 2024 kuze kube uMashi 30, 2026.

Lolu wuhlelo olwethulwa ubuholi obabuphethe kuMasipala waseThekwini eminyakeni engu-10 eyedlule kwathiwa luyobe seluqalile ukusebenza ngo-2016.

Lapha kwakhiwa umzila wamabhasi osuka ePinetown uze uyophelela eMhlanga kukhona neziteshi esekade zaqedwa ukwakhiwa ezigadwayo okuzobe kugitshelelwa kuzona amabhasi.

Ubuholi bangaleso sikhathi bathi busophe ukuhlinzeka abantu ezokuthutha ezishibhile, ezisheshayo futhi ezizohlala zitholakala ngaso sonke isikhathi.

Emhlanganweni wamakhansela kuleli sonto, imenenja kamasipala, uMnuz Sipho Mbhele ifunde umbiko obukade uphakamisa ukuthi kwelulwe inkontileka.

USomlomo uMnuz Thabani Nyawose ube esenika ithuba izikhulumi ezimbili ebezibhalwe phansi okungamakhansela oMnuz Zwakele Mncwango we-ActionSA noMnuz Bheki Mngwengwe we-ANC.

UMncwango uthe yize eyohlala ekweseka ukuthuthukiswa kwengqalasizinda kodwa beyi-ActionSA bayesaba ukuthi ayisoze yasebenza iGo! Durban.

"Sifaka imali eningi kodwa akukho namunye owaziyo ukuthi iyoke yenzeke le nto. Ayisoze yasebenza iGo! Durban," kuchaza uMncwango.

UMngwengwe ushayele ihlombe umbiko wathi beyi-ANC bayaweseka njengoba unjalo.

"Uzosenza sikwazi ukuthi siqhubeke sakhe imigwaqo futhi sisebenzise nohlahlomali esiluthola kuhulumeni kazwelonke. Njengoba lungakaqali lolu hlelo kodwa yonke imigwaqo kumele isetshenziswe kumele ibe sesimeni esifanele," kuchaza uMngwengwe.

Umasipala uthe kulindeleke ukuthi ungakapheli lo nyaka kuphasiswe uhlelo iGO! Durban Operations and Business Plan olubandakanya nabemboni yamatekisi.

NgoMeyi kwavunyelwana ngokuthi kutholakale ochwepheshe abazoba ngabeluleki bokuthi abemboni yamatekisi neyamabhasi bazobamba liphi iqhaza kulo hlelo olungakasebenzi.

# Bakhuza ukubhubhudlwa kweyeRAF

**BONISWA MOHALE**

AKUSIBO bonke abaphunyelwa yizizumbulu zeRoad Accident Fund (RAF) abazibhubhudlayo kodwa abanye benza okubonakalayo ngale mali.

Izolo abehlelwa yizingozi zomgwaqo abathathu, uNksz Silindile Gcabashe (37), Puseletso Mabote (18) noMnuz Bushy Mckenlvey (61) bakhuze ukubhubhudlwa kwemali yeRAF.

UNksz Gcabashe ohamba ngesihlalo esinamasondo waba sengozini yemoto ngoJanuwari ka-2011 ebuya emsebenzini.

Le ntokazi yaseMsunduze, eNdwedwe, iveze ukuthi yahlala izinyanga eziyisithupha esibhedlela, yahlala ezinye ezimbili esikhungweni esifundisa abakhubazekile ukuzenzela izinto ezithile ngaphandle kokusizwa ngabanye.

"Ngathinteka umgogodla engozini yemoto, okusho ukuthi angikwazi ukuhamba. I-RAF ingisizile ukuphila impilo ejwayelekile ngoba imali engayithola ngathenga ngayo umuzi eManzimtoti. Umuzi wami ngiyakwazi ukungena kuwo ngesihlalo engihamba ngaso.

Ngihlala nendodakazi yami eneminyaka ewu-13 nodadewethu. I-RAF ingisizile nokuthi imoto yami ngikwazi ukuyishayela," kusho uNksz Gcabashe.

Uthe ukukhubazeka akusho ukuthi impilo yakhe imile ngoba uyasebenza uyi-data analyst eMomentum futhi umatasa nezifundo zakhe zeMBA.

UPuseletso ungumfundi kaGrade 11, wehlelwa yingozi eyaholela ekutheni anqunywe umlenze eneminyaka emihlanu ngesikhathi imoto yakubo ishayisana neloli.

UPuseletso uthatha ingozi eyamehlela njengesipho sakhe esivela kuNkulunkulu, kwazise yamehlela egubha usuku lwakhe lokuzalwa u-Ephreli 17, ngo-2010.

"Ngibonga odokotela bami abangixhumanisa neJumping Kids, okuyiyona eyangisiza ngemilenze yami engenza ngikwazi ukuma lapha.

Le nhlangano ngabe angiyazi ukube angifakanga isicelo sokunxeshezelwa kwabalimele ezingozini zomgwaqo kwiRAF. I-Jumping Kids ilekelela abangaphansi kweminyaka ewu-18 ngemilenze nezinye izicubu zomzimba ezibasiza ukuba nempilo ejwayelekile," kuchaza uPuseletso.

Uthe njengamanje uwumgijimi futhi usemele elakuleli emijahweni ehlukene. Isifiso sakhe wukuba wu-Usain Bolt wabakhubazekile.

UMckelvey (61) waba sezingozini zomgwaqo ezimbili ezaholela ukuthi anqunywe imilenze yomibili.

Uthe iRAF yamsiza ukuba athole imilenze yokufakelwa esezingeni, emvumela ukuthi aqhubeke ahambe ngesithuthuthu.

UMckelvey unenhlangano engenzi nzuzo esiza abakhubazekile futhi uphula amarekhodi ngokuhamba amabanga amade ngesithuthuthu engenisa imali esiza izinhlangano ezilekelela abakhubazekile nabampofu.

Ugqugquzele abaphunyelwa yizimali kwiRAF ukuba bazisebenzise ukuphucula impilo yabo futhi basize emphakathini.

Isikhulu esiphezulu seRAF, uMnuz Collins Letsoalo, sithe impilo iyaqhubeka noma umuntu eselimele engozini yomgwaqo.

**SiVEST**
**Environmental Division**

SiVEST Established in 1952

**NOTICE OF THE ENVIRONMENTAL AUTHORISATION PROCESS: EDENDALE TOWN CENTRE HUB**

Notice is hereby given of a Public Participation Process (PPP) to be undertaken in terms of the National Environment Act, 1998 (Act No. 107 of 1998), as amended and the Environmental Impact Assessment (EIA) Regulations. **EDTEA Reference Number:** To be allocated upon submission of application. Further to this, notice is given in terms of the National Water Act, 1998 (Act No. 36 of 1998), to undertake a Water Use License Application. **DWS Reference Number: WU28036.**

**Nature and Location of Activity:** The Msunduzi Municipality are proposing to develop an Urban Hub Development within the Greater Edendale area of the Msunduzi Municipality through the implementation of the Neighbourhood Development Partnership Grant (NDPG). The NDP have identified the Greater Edendale area for a Township Regeneration strategy with the aim of ensuring that the development of an Urban Hub within the Greater Edendale area will assist with the transformation and regeneration of the area and that the spin-offs of this would contribute to the improvement of the surrounding areas.

**Applications for a Basic Assessment (BA) process and Water Use License (WULA) for the proposed Edendale Town Centre Hub and associated infrastructure will be submitted to the competent authorities, the KwaZulu-Natal Department of Economic Development, Tourism and Environmental Affairs (EDTEA) and the Department of Water and Sanitation (DWS), for a decision.**

**To register as an Interested and / or Affected Party (I&AP) and / or to obtain additional information** please submit your name, contact details (telephone number, postal address and email address) and the interest which you have in the application to SiVEST as per the details below and please reference the 'Edendale Centre Hub' in your correspondence.

*I.T.O POPIA, you hereby declare and confirm that you, as an I&AP providing information, consent for your information to be gathered, stored and distributed for the purpose of this project*

**ISAZISO NGENQUBO YOKUGUNYAZWA KWENDAWO: EDENDALE TOWN CENTRE HUB**

Isaziso siyanikezwa mayelana neNqubo Yokubambiqhaza Komphakathi (iPPP) okumele yenziwe ngokoMthetho Kazwelonke Wokuphathwa Kwemvelo, 1998 (uMthetho we-1998 we-107) njengoba uchitshiyelwe, kanye neMithethonqubo Yokuhlolwa Komthelela Emvelweni (Imithetho ye-EIA). **Inombolo yereferensi yeEDTEA:** Izokwabelwa ekulethweni kwesicelo. Ngaphezu kwalokhu, isaziso sinikezwa ngokoMthetho Wamanzi Kazwelonke, 1998 (uMthetho No. 36 ka 1998), ukuze kwenziwe isicelo seLayisense Yokusebenzisa Amanzi. **Inombolo Yereferensi ye-DWS: WU28036.**

**Imvelo kanye Nendawo Yomsebenzi:** Umasipala waseMsunduzi uhlongoza ukuthuthukisa Ihabhu yasemadolobheni endaweni yase-Greater Edendale kuMasipala uMsunduzi ngokusebenzisa i-Neighbourhood Development Partnership Grant (NDPG). I- NDP isihlonze indawo yase-Greater Edendale ukuze kube nesu lokuVuselelwa kabusha kweLokishi ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi ukuthuthukiswa kwesizinda seDolobha endaweni yase-Greater Edendale kuzosiza ekuguqulweni nasekuvuseleleni indawo kanye nokuthi ukuvela kwalokhu kuzoba nomthelela ekuthuthukisweni kwezindawo ezizungezile.

**Izicelo zenqubo yokuhlola okuyisisekelo (BA) kanye neLayisense Yokusebenzisa Amanzi zeNdawo (WULA) ehlongozwayo Yesikhungo SeDolobha lase-Edendale kanye nengqalasizinda ehambisana nayo zizothunyelwa kuziphathimandla ezinekhono, eMnyangweni Wezokuthuthukiswa Komnotho, Ezokuvakasha NezeMvelo KwaZulu-Natal (EDTEA) kanye noMnyango. wezaManzi Nokuthuthwa Kwendle (DWS), ukuze kuthathwe isinqumo.**

**Ukuze ubhalise njengeQembu Elinentshisekelo kanye/noma Elithintekayo (I&AP) kanye / noma ukuthola imininingwane eyengeziwe** sicela ulethe igama lakho, imininingwane yokuxhumana (inombolo yocingo, ikheli leposi kanye nekheli le-imeyili) kanye nentshisekelo onayo esicelweni sakwa-SiVEST njengokusho kwakho. imininingwane engezansi futhi sicela ubhekise 'i-Edendale Centre Hub' ekubhaleni kwakho.

*I.T.O POPIA, uyasho futhi uyaqinisekisa ukuthi wena, njenge I&AP ehlinzeka ngolwazi, uyavuma ukuthi ulwazi lwakho luqoqwe, lugcinwe futhi lusatshalaliswe ngenhloso yale phrojekthi.*

| Edendale Town Centre Hub Project Centre Point Coordinates/Izixhumanisi: | 29°38'43.54"S 30°20'14.21"E |
|---|---|

**Contact Details / Imininingwano Yokuxhumana**

**SiVEST Environmental Division - Contact/Othintane naye: Siphiwokuhle Buthelezi / Michelle Nevette**
**Tel: (033) 347 1600, P O Box 707, Msunduzi 3231**
**E-mail: sivest_ppp@sivest.com Website: https://www.sivest.com/**
**Correspondence throughout the remainder of the PPP and BA Process will only be distributed to Registered I&APs. Registration is possible throughout the BA and WULA Process.**
**Ukuxhumana kuyo yonke ingxenye esele ye-PPP kanye ne-BA Process kuzosatshalaliswa kuma-I&APs Abhalisiwe. Ukubhalisa kungenzeka kuyo yonke Inqubo ye-BA/WULA.**

**A copy of the draft Basic Assessment Reports can be obtained on the SiVEST website at the following address: https://www.sivest.com/za/download/ or at the Edendale Municipal Offices, 1061 FJ Sithole Road. The comment period for the Draft Basic Assessments will run from 05 October 2023 to 03 November 2023.**
**Ikhophi yohlaka lwe-Basic Assessment Reports ingatholakala kusizindalwazi se-SiVEST kuleli kheli elilandelayo: https://www.sivest.com/za/download/ noma emaHhovisi likaMasipala wase-Edendale, 1061 FJ Sithole Road. Isikhathi sokuphawula soHlaka Lokuhlola Okuyisisekelo sizoqala mhla zi-5 kuMfumfu wezi-2023 ukuya kumhla zizi-3 kuLwezi wezi-2023.**

**SOUTH AFRICAN PROFESSIONAL SERVICES**

HANDGUN PROFICIENCY R1500

BLANK GUNS FROM R1500

FULL PACKAGE INCLUDING:
- Training • Competency Application
- Paperwork Licence
- Application and Motivation

R3250

Firearms on Special

Indoor and Outdoor Shooting Range



AK47. SHOTGUN. RIFLE. 9MM SPECIAL
5 ROUNDS EACH FROM R400.00

Shop 7 Crossmoor Shopping Center, Unit 11 Chatsworth

Contact: 087 814 0911/ 081 743 3026/ 081 756 8480